# Ligaya ngomunye kwabaphula imithetho yemigwaqo bephindelela



*KULIWA NEZAPHULAMTHETHO: Isiqubulo sesabelo-mali soMnyango wezokuThutha kulonyaka sithi: "Siphuthumisa umbhidlango wokulwa nezingozi nokwephulwa kwemithetho yemigwaqo - Accelarating Activism Against Road Carnages and Transgressions,". Esithombeni esingenhla, uMphathiswa wezokuThutha, uMnuz Willies Mchunu, kanye neNhloko yoMnyango wakhe, uMnuz Sibusiso Gumbi, balekelelwa yiphoyisa lomgwaqo kwenye yezivimba-mgwaqo ezibhekene nezaphulamthetho. UMacingwane wethule ithimba elisha elizovakashela izephulamthetho lapho zikhona ukuze zikhokhe izinhlawulo zamacala omgwaqo.*

BAZOZALELWA yinjendlini labo abakweleta amathikithi nezinhlawulo zokwephula umthetho womgwaqo KwaZulu-Natal kulandela ukumenyezelwa kwethimba elizothungatha futhi libophe izaphulamthetho.

Lokhu kuvezwe nguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu ngesikhathi ethula isabelo-mali sika-2013/14, ezindlini zesiShayamthetho, eMgungundlovu.

UMchunu umemezele ithimba elibizwa nge-Track Team, elizolandela labo asebenikwe izincwadi zokuboshwa ngenxa yamathikithi omgwaqo (warrant of arrest).

Leli thimba lizobalandela noma ngabe basemakhaya noma ezindaweni lapho besebenza khona.

UMchunu uveze ukuthi ukwehla kwezingozi ngo-33 % kukhombisa ukuthi lesi sifundazwe sisemgudwini omuhle wokunciphisa izingozi nokufa kwabantu emgwaqeni.

Lokhu ukuchaze njengenkomba yokuthi umkhankaso ka-Operationg Valingozi uthela izithelo.

Uthe uma abantu bengakwazi ukuziphatha kahle, lesi sifundazwe singakwazi ukunciphisa izingozi ngaphezulu kuka-50% nokuyisibophezelo seNhlangano yeZizwe i-United Nations.

UMchunu uveze nokuthi sekuhanjwe ibanga elide nabezikole zokufundela ukushayela (Driving Schools) njengoba sekukhona izivumelwano osekufinyelelwe kuzo.

Lezi zivumelwane zihlanganisa ukusebenzisana, ukwakha uhlu olucacile lwezikole ezikhona esifundazweni, ukuhlela izindlela zokufundisa kanye nokulwa nenkohlakalo uma abantu befuna izincwadi.

UMchunu ubuye waveza nokuthi uMnyango wakhe uzoqhubeka nohlelo lokulekelela izingane zesikole ukuthi zikwazi ukuwela emigwaqeni ngaphandle kokulinyazwa yizimoto.

Lolu hlelo lusiza abafundi abangu-480 000 ezikoleni ezingu-950 kanti lolu hlelo selwakhe amathuba emisebenzi angu-36 kubantu besifazane abangasebenzi.

Ngokusho kukaNgqongqoshe, umNyango wakhe usebenza ngokuzikhandla ukunciphisa izingozi. Uthe baningi ababambe iqhaza kulokhu okungabalwa kubo amalungu emiphakathi eyahlukene kanye nemikhankaso yomNyango wakhe ngaphansi kohlelo lwezokuphepha olwaziwa ngo-Operation Valingozi.

UMacingwane uthe: "Ukuba khona kwamaphoyisa omgwaqo kudlala indima enkulu ekulweni nezingozi zomgwaqo yize noma ezikhathini eziningi besebenza ngaphansi kwezimo ezinobungozi kodwa umsebenzi bayaqhubeka nokuwenza".

Uqhube wathi: "Siyalibona igalelo lika-Operation Hlokomela oqhutshwa abemboni yamatekisi ukulwa nalesisihlava, nokwenza ukuthi abashayeli bayihloniphe kakhulu imithetho yomgwaqo. Ngiyalibonga igalelo lo somabhizinisi abasembonini yezokuthutha umphakathi, okuhlanganisa abamatekisi namabhasi, ngemikhankaso abayenzayo yokuzama ukunciphisa izingozi emgwaqweni."

Ubuye wathi ngonyaka w wezimali ka-2013/2014, umNyango wakhe uzimisele ukweseka umNyango wezokuThutha kuzwelonke emizamweni kaHulumeni eqhubekayo ukwehlisa izinga lezingozi.

## Bazoqhubeka nokuhlinzekwa ngezithuthi abafundi e-KZN




*KUXHASWA EZABAFUNDI: Lesisithombe siyixoxa injengoba injalo indaba ngohlelo loMnyango wekuThutha lokuhlinzeka abafundi ngezithuthi. Loluhlelo lunconywa kakhulu ngokulekelela abafundi abahamba amabanga amade. UNgqongqoshe wezokuThutha umemezele ukuthu loluhlelo luzoqhubeka lusabalale ezingxenyeni eziningi zesifundazwe.*

## UHulumeni nezinhlelo zokwakha izikhungo zezithuthi zomphakathi ezisezingeni



*Lesi ngesinye sezikhungo zokuthuthwa komphakathi esisezingeni eliphezulu. UNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu utshele isishayamthetho ukuthi ezinye izikhungo zaloluhlobo ziyakhiwa eMondlo naseMtshezi.*

# UMchunu wethule uhlelo lokunciphisa amapothole eKZN



*Eminye yemisebenzi yengqalasizinda yamabhuloho abahamba ngezinyawo eyenziwa uMnyango ukuqinisekisa ezokuphepha kwabahamba ngezinyawo esifundazweni. Lapha uNgqongqoshe uMchunu wathathwa evula elinye lamabhuloho. UMacingwana umemezele ukuthi maningi amanye amabhuloho aloluhlobo azokwakhiwa kulonyaka wezimali.*

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu umemezele ukuthi uhulumeni usuqale uhlelo lokubhekana ngqo nokwanda kwama-potholes emigwaqeni yesifundazwe.

Lokhu kuvele ngesikhathi uMchunu ethula isabelo-mali soMnyango wakhe sonyaka wezimali sika-2013/14 semali eng-R8.066,335.

Ngaphambi kokuba ayothula lesi sabelo-mali uMacingwane uqala ngokuyobamba iqhaza emsebenzini oqhubekayo wokuvala kwepothole engwaqweni wase-Edendale.

Uthe lokhu kuwuphawu lokuzibophezela koMnyango wakhe ukulungisa ingqalasizinda yezomigwaqo.

Kulesi sibale-mali soMnyango wezokuThutham ingxenye enkulu engu-R3. 3 billion ibekelwe ukulungisa imigwaqo esiyonakele, okubalwa nayelo esiphelelwe yisikhathi sokuba sesimweni esifanele.

"Ngenxa yezimvula ezamandla ezihlaselε isifundazwe, izimoto ezilayisha imithwalo eminingi, lokhu kufaka ingcindezi enkulu emigwaqeni yesifundazwe. Manje sesiqhamuke nohlelo lokuthi zonke izifunda zikwazi ukuhlonza amapotholes ngesikhathi esavele futhi kubekhona inkontileka esisebenza esingathini esinganmahora angu-45," kusho uMchunu.

IMali engu-R2,3 billion ibekelwe ukwakha amabhriji kanye nemigwaqo emisha.

Lo Mnyango uphinde wazibophezela ukwakha indathane yamathuba emisebenzi, ikakhulukazi ukufukula abantu besifazane kanye nabantu abasha.

UMnuz Mchunu uthi enye yezinselelo ezenza imigwaqo ingakwazi ukusebenza kahle kuba yizinga eliphezulu lezikhinsi emigwaqeni yesifundazwe.

UMacingwane umemezele ingqophamlando yokulungiswa kwemigwaqo yasemalokishini okuyimigwaqo ebinganakiwe nhlobo.

Lapha kubalwa amalokishi okuzoqalwa ngawo elas-eMondlo nakwaDambuza.

Unyaka nonyaka kufakelwa itiyela elingamakhilomitha angu-85.Ngoyaka ka-2012/2013 umNyango uqhubekile nokwakha nokuthuthukisa imigwaqo njengo-P318 eSani Pass, okungumgwaqo oxhumanisa iKwazulu-Natali nezwe eliwumakhelwane laseLesotho.

OkaMacingwana uthe kuyajabulisa kakhulu ukuthi isigaba sokuqala sokufakwa kwetiyela elingu-14 km kulo mgwaqo sesiphothuliwe.

Uqhube wathi, "Miningike neminye imigwaqo eyakhiwe ngonyaka ka2012/2013 esingabala kuyona u-P700 ophakathi koLundi neMpangeni la sesisiqedile isigaba sokuqala esingamakhilomitha angu 54, kanti asele angu 43 wona azoqedwa ngoyaka ka 2014/2015.

"Umgwaqo u-P230 ophakathi kweMpangeni neShowe ofakwa itiyela elingu-31.3 km, kanti angu-18.2 km aseqediwe, amanye azophothulwa ngo-2013/2014.

"U-P127 osuka eMpendle uphelele e-Himeville wona ungama khilomitha angu 55, kuthi u-P58 oxhumanisa eSipofu neXobho wona ufakwe itiyela makhilomitha angu-75, okwamanje u-39 km uzophothulwa ngo-2014/15 lapho kuzoqedelwa angu-36 asasele.

"Umgwaqo u-P58 ophakathi kwe-Diemount Store neZinqoleni sekufakwe itiyela amakhilomitha angu-13.4, kuthi u P732 ophakathi kweZinqoleni ne Bushy Valley usufakwe itiyela amakhilomitha angu-13, kanti angu 19 azobuye aqedelwe," kuchaza okaMacingwane.

Kanti futhi kuphindwe kwaba khona imigwaqo ebesenhlanhleni ukuthi ibe ngeyokuqala ukuhlomula ohlelweni lokuvuselelwa kwemigwaqo yetiyela ngonyaka ka-2013/14, okungu-P47 ongamakhilomitha angu-50, ophakathi kweShowe neMelmoth, no-P1-1(M13) ongu-15 km, ophakathi kwe-Hillcrest nePinetown, kuthi u-P6 ongu-40 km, ophakathi kwe New Hanover ne-Greytown kanye no-P34 ongu 30 km, ophakathi kwe-Bloodriver ne-Vryheid.



***Isigaba sokuqala somgwaqo u-Sani-pass ohlanganisa elakuleli nelaseLesotho sesiphothuliwe, uNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu uveze ukuthi isigaba sesibili sokwakhiwa kwalomgwaqo siyaqhubeka. UMchunu uphinde wamemezela neminye imigwaqo ezofakwa itiyela esifundazweni.***

## Imiphakathi nabaholi bayo ezingxenyeni zonke zaKwaZulu-Natal babe ngofakazi bemisebenzi emihle yomNyango kusukela ngo-2009







*INTUTHUKO YOMGWAQO: Zizaqhubeka izinhlelozokuthuthukiswa kwemigwaqo KwaZulu-Natali njengoba muva nje uNgqongqoshe uWillies Mchunu uhambele KwaSokhulu| KwaMbonambi lapho ebeyothula khona uhlelo lokwakhiwa komgwaqo. UMchunu uvule ngokusemthethweni omunye umgwaqo osuphothuliwe kulendawo, wamemezela nohlelo lokufakwa kwetiyela emgwqweni ongaphansi kweNkosi uDube eduze kwaseSikhaleni.*

# Aphelile amahlathi okucasha ezigebengwini KwaZulu-Natal - Mchunu



*KULIWA NOBUGEBENGU: UMphathiswa wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, ekomunye wemikhankaso yokulwa nobugebengu esifundazweni. OkaMacingwana uzifikela mathupha emiphakathini ukuxazulula izinselelo zobugebengu. Kwesingenhla ubeseMbabazane kulandela izigameko zokubulawa kwabantu.*

KWETHULWE uhlelo lokwakhiwa kwezinhlaka zemiphakathi ukuze ilwe nobugebengu futhi isebenze ngokubambisana namaphoyisa.

NgoLwesihlanu, uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, umemezele ukuthi kuzoqalwa uhlelo lokwakhiwa kwezakhiwo zemiphakathi zokulwa nobugebengu zihambisane namawadi omasipala kanye nezikhungo zokuvota.

Lolu hlelo luhlose ukuthi ubugebengu kuliwe nabo kusukela emazingeni aphansi futhi uMchunu ugcizelele ukuthi impumelelo yalokhu ilele ekubambisaneni namaphoyisa.

Uphinde watshela amalungu esiShayamthetho ukuthi sekuhanjwe elide ibanga mayelana nokusungulwa komkhandlu wesifundazwe wokulwa nobugebengu, i-Provincial Council Against Crime.

UMacingwane uveze ukuthi ukwakhiwa kwezinhlaka ezahlukene zemiphakathi nalabo abanentshisekelo yokulwa nobugebengu, yikhona okuzokwenza uqine umbhidlango wokulwa nobugebengu.

Uchaze ukwakhiwa kwe-KZN Community Crime Prevention Association (KZN CCPA) njengenye yemizamo kahulumeni yokuqinisa iqhaza lo mphakathi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

UMchunu uncome kakhulu amaphoyisa ngomsebenzi omuhle njengoba ekwazile ukubopha inqwaba yezigebengu.

"Ngakho ke kuhlaba umxhelwe ukusho ukuthi izibalo zikhomba ukuthi kusukela ngonyaka ka-2009 kuze kube nguMay 2012 zehle kakhulu izinhlobo eziningi zamacala enzeke lapha KwaZulu-Natal," kusho uMchunu.

Uthe kuyinto ejabulisayo, ukwehla kwezibalo zamacala okubulala ezehle ngamaphesenti angu-11 phakathi kuka-2009 no-2010.Kutheke phakathi konyaka ka-2010 no-2011 lezizigameko zehla ngo-8.7%.

"Ngonyaka ka-2009-2010 kuboshwe abantu abawu-209 217, ngonyaka ka-2010-2011 kwaboshwa abantu abawu-229 426, ngonyaka ka-2011-2012 kwaboshwa abantu abangu-280 641," kusho uMchunu

UMchunu ugcizelele nokuthi uMnyango wakhe uzosebenza ngokuzikhandla ukuvuselela ama-Community Policing Forum (CPF).

# UMchunu usebenzela ukuthula kwezombusazwe



*KUSETSHENZELWA UKUTHULA: Lapha uNgqongqoshe wamaPhoyisa uMnuz Nathi Mthethwa (kwesokudla) noMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali emhlanganweni wokutshala uzinzo kwezombusazwe eMtshezi.*

"KUZOMELE kuqine ukubambisana emaqenjini ezombusazwe futhi abalandeli bafundiswe ngokuziphatha nokubekezelelana"

Lona ngumbono kaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-NatalI, uMnuz Willies Mchunu.

UMchunu uzwakalise ukukhathazeka ngokwanda kwezigameko zokubulawa kosopolitiki, waveza nokuthi lokhu kuzomele kuphele ukuze kubekhona ukhetho olunokuthula nolukhululekile ngo-2014.

Lokhu uMchunu ukuveze ngoLwesihlanu ezindlini zesiShayamthetho, eMgungundlovu.

UMacingwane uveze ukuthi indawo yaseMtshezi naseMbabazane iyona ethanda ukuhlupha muva nje njengoba inezigameko eziningi zokuhlaselwa kosopolitiki.

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uhlela ukuqinisa ukusebenza kohlaka lwe-Multi-Party Political Committee.

Enye indawo esanda kuba nezingqinamba yihostela laKwaMashu nakhona lapho kusanda kuba khona izinkinga zezombusazwe kulandela ukubulawa kwekhansela.

UMchunu uzwakalise ithemba lokuthi njengoba kuzoba nokhetho lokuchibiyela ngemuva kokuboshwa kwekhansela kule ndawo, konke kuzohamba kahle futhi kuzotshaleka ukuthula nokubekezelelana kwangunaphakade.

IMulti Party Political Committee yaqalwa nguHulumeni ngo-2011 kanti selokhu lasungulwa selibe nemihlangano engaphezu kweyishumi, lingenelela ezindaweni ezahlukene.

Selokhu lasungulwa leli komidi selikwazile ukutshala uzinzo ezindaweni eziningi.

Kanti ukubunjwa kwalo kwaholela ekutheni kubanjwe ukhetho loHulumeni baseKhaya olungenazihibe ngonyaka ka-2011.

Kamuva uMchunu usanda kuhambela eMtshezi noNgqongqoshe wamaPhoyisa kuzwelonke, uMnuz Nathi Mthethwa. Labaholi bahambele indawo yaseMtshezi lapho bafike babonisana nomphakathi wakuleya ndawo ngesidingo sokugcina ukuthula nokubekezelelana kwezombusazwe.

UMchunu uthe okunye okusemqoka ukuthi kuhlonishwe ilungelo lokukhankasa okukhululekile ngaphansi komthetho, ukuxhumana kwamaqembu ngendlela enokuthula nokubambisana.




*IMASHI YOKUPHEPHA: Phansi nobugebengu, phansi! Phansi nezingozi zomgwaqo, phansi! UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu ehambisana nabaholi bezinhlaka ezahlukene behola umkhankaso wokuphepha emgwaqeni nowokulwa nobugebengu, eMgungundlovu ngaphambi kokuba uMacingwane athule izinkulumo zesabelo-mali zeMnyango aphathiswe yona.*